**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA INKONTILEKA EZOKWAKHA UMGWAQO U-P104 E-GLENDALE ENDWEDWE NGOLWESIBILI MHLAKA 26 NOVEMBER 2013**

Mphathi wohlelo;
AmaKhosi aseNdlunkulu;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yoMkhandlu waseNdwedwe;
Amakhansela;
Ubuholi bonke obukhona nezigaba ezahlukene emphakathini;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha, okukhona imboni yezokuthutha umphakathi, ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha eGlendale sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal, halala ngentuthuko eqondene nale ndawo ngaphansi kukaMasipala waseNdwedwe nesifunda seLembe sonkana.

Kodwa ngifisa ukuqala ngidlule kulolu daba lokuthi kule mpelasonto esiphuma kuyona siphoxeke kakhulu ngokuthi silahlekelwe ngabantu abangu-20 ezingozini zomgwaqo ezimbili nje kuphela.

Yinto lena esingazi nathi ukuthi singayichaza kanjani ngendlela esiphule ngayo imimoya singuHulumeni. Sonke sifuna izimpendulo ukuthi kanti kumele size senze njani manje.

Kodwa esinesiqiniseko sako ngukuthi lezi zingozi bezingagwemeka ukube akekho owenze okungafanele emgwaqeni.

Uma singena odabeni lwalo mcimbi, cishe sonke sesiyalwazi udaba lwalo mgwaqo ukuthi usunesikhathi esingakanani ulindiwe ukuba uqale ukufakwa itiyela.

Sifisa ukudlulisa ukubonga kakhulu emphakathini walapha okwazile ukubekezela walinda njengoba namhlanje sesizoniqinisekisa ngokuqhubeka kwalo msebenzi.

Mhlambe umuntu angakucacisa nje ukuthi isimo salapha yinto esihlale siyichaza nakwezinye izindawo esihamba kuzona ukuthi inselelo esibhekene nayo njengoHulumeni isenkulu njengoba kumele sivale igebe elavuleka kudala ekulethweni kwengqalasizinda ezindaweni zasemakhaya.

Sihlale sikucacisa futhi ukuthi isifundazwe sethu saKwaZulu-Natal sikhulu kanti futhi sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngentuthuko yengqalasizinda.

Njengoba silapha nje namhlanje, naseMzimkhulu basibhekile, kugudle njalo ngogu kuze kuyoshaya eManguzi uphinde ungene phakathi ezweni ubheke eZululand uhambe uze uyobuya ngoKhahlamba, bonke basibhekile. Abanye babona sengathi sisuke singasho bona uma sithi siguqula izimpilo zabantu zibe ngcono.

Kukhona izindawo lapho okungekho kwawona umgwaqo wobhuqu, okusadinga kumbiwe intaba yenziwe umgwaqo okungenani wona owobhuqu.

Ngakho-ke okumele sikugcizelele ezimweni ezinjengalezi yikona ukuthi sibambisane. Kuyasiza futhi ukubona imiphakathi, mhlambe ngobuholi bayo ezinhlakeni ezithile, isukuma iza ngaphambili kuHulumeni ibuze ukuthi hhayibo naku silokhu silinde umnyama ongenafu ngentuthuko kanti kwenzekani?

Siyabancoma abantu abaqhakambisa ukuthi okuyilungelo labo ngokomthethosisekelo kumele bakuthole. Futhi kuhle uma abantu bekuveza lokho hhayi ngodlame nokubulala lokho okukhona okuyizinsiza zabo ngoba befuna okungekho.

Yingakho-ke sikugcizelela ukubonga ukubekezela kwenu njengomphakathi walapha, sithi sibonga kakhulu, thank you!

Njengoba sesishilo ukuthi namhlanje sizoqinisekisa ukuthi usuyaqhubeka umsebenzi wokufaka itiyela engwaqeni u-P104, ngemuva kocwaningo lwakabusha sesithole ukuthi imali edingeka kulo msebenzi ingu-R185 million.

Ubude balo mgwaqo kule ndawo ewubhuqu ungu-20 km, okusho ukuthi sizowenza ngezigaba kule minyaka yezimali emibili ezayo.

Kodwa uma ngiqinisekisa nje, ngonyaka odlule wezimali u-2012/2013, sisebenzise imali engu-R3.5 million okwenza lokhu esithi ama-design, okuhambisana nokudweba ukuthi umgwaqo uzokuma kanjani.

Kulona ka-2013/2014 sifake u-R6.5 million ukuba kuqalwe umsebenzi wokwakha. Konke lokhu kukhombisa kona ukuthi asisahlehleli emuva manje sesingene sangena, sesiyophuma siyiqede yonke imigwaqo edingekayo kule ndawo.

Sithatha leli thuba ukuba sibongele ikakhulukazi imiphakathi eyakhele amaKhosi eyaKwaQwabe, eyaKwaLuthuli neyaKwaMagwaza njengoba isizofinyelela kalula ezindaweni zosizo njengemitholampilo, izikole nasedolobheni.

Phela kulindeleke ukuba kwenyuke nomthamo wezimoto ezizohamba kulo mgwaqo uma usuphelile, okuhlanganisa nezithuthi zomphakathi.

Siyabona-ke futhi ukuthi lo mgwaqo unqamula ezindaweni ezinamathuba ezolimo okukhona ngisho amahlathi akwaMondi. Lokhu kusho ukuthi ukuthuthukiswa kwalo mgwaqo kuzolekelela kakhulu ukuthuthukiswa komnotho kule ndawo.

Kuyaziwa-ke futhi ukuthi uma kunama-*project* afana nalawa kuba namathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo. La mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana, kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo.

Esiyaye sikugcizelele-ke ikakhulukazi kubaholi yilokhu kokuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.

Njengoba ngike ngaveza ekuqaleni, sesazibekela umgomo njengomNyango ukuthi uma sesingenile endaweni asibe sisaphuma size siqede yonke imigwaqo edingekayo.

Imali yethu-ke siyaye siyabe ngokwesifunda ngesifunda ukuze kungabikhona osala ngaphandle. Yingakho-ke kulo nyaka wezimali esikuwona sifake imali engu-R203 million ukubhekela yonke ingqalasizinda yomgwaqo ngaphansi kweLembe. Ngonyaka ozayo izothi ukwenyuka futhi iye ku-R235 million.

Kule mali kukhona engu-R17 million esiyifake ekulungiseni imigwaqo ewubhuqu siyifake inkwali ukuze okungenani kuhambeke ngenkathi singakayifaki itiyela.

Kuleyo migwaqo lapha eNdwedwe singabala u-D1531 no-D711 ehlanganisa iNdwedwe noMaphumulo, u-D1619 KwaGcwensa, u-D1617 eNkumbanyuswa, u-D849 khona futhi eNkumbanyuswa no-D1527 eNkosini yaKwaNtuli.

Phakathi kweminye imisebenzi emikhulu esiyenzayo njengamanje kule District yeLembe singabala iNyakana Pedestrian Bridge emfuleni uThukela, u-P15 KwaMaphumulo, u-P100 eNdwedwe, u-D1514 khona futhi eNdwedwe no-P711 KwaMaphumulo.

Okunye okubalulekile engibona kumele sikugcizelele lapha ngukuthi lo mcimbi wenzeka ngenkathi njengesizwe sisemkhankasweni wezinsuku ezingu-16 zokuqwashisa ngokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane.

Siyafisa-ke egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu umfowethu uSenzo Mchunu, ukuba sininxuse mphakathi ukuba nijoyine lo mkhankaso bese kungagcini ngalezi zinsuku ezingu-16 kodwa kube yindlela yokuphila ukuthi abesifazane nezingane bayavikelwa.

Ngakho-ke kubalulekile ukuba sivumelane njengezakhamizi nomuntu ngamunye walapha eGlendale naseNdwedwe namaphethelo ukuthi akukho zigameko zokuhlukumeza ezizokwenzeka kwabesifazane nezingane ngenxa yethu emindenini noma emphakathini.

Siphinde sivumelane ngokuthi akukho gazi elizochitheka ngenxa yethu emigwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga.**